ITHEMBA

ezikhathini ezinzima

NA JOYCE MEYER



ITHEMBA
EZIKHATHINI EZINZIMA

JOYCE
MEYER

JOYCE MEYER
MINISTRIES
P.O. Box 5, Cape Town 8000

Unless otherwise indicated, all Scripture quotations are taken from
THE AMPLIFIED BIBLE: Old Testament.
Copyright © 1962, 1964 by Zondervan Publishing House
(used by permission); THE KING JAMES VERSION; and from
THE AMPLIFIED NEW TESTAMENT
Copyright © 1958 by the Lockman Foundation
(used by permission).

Copyright © 2014 by Joyce Meyer Ministries – South Africa

All rights reserved. No part of this publication may be reproduced, distributed, or transmitted in any form or by any means, or stored in a database or retrieval system, without the prior written permission of Joyce Meyer Ministries – South Africa.

Joyce Meyer Ministries – South Africa
PO Box 5, Cape Town, 8000

Phone: +27 (0) 21 701 1056
Website: www.joycemeyer.org

Go to tv.joycemeyer.org to watch Joyce's messages in a variety of languages

Hope For Difficult Times – Zulu

Not For Resale

OKUQUKETHWE

Isingeniso *4*

1. Ukugcwala Ithemba 7
2. Wenzenjani Uma Kungaqhubekeki 13
3. Ukukhetha Ukubuka Izinto Ngethemba 19
4. Ukuthemba Unkulunkulu Phakathi Kwesivunguvungu 23
5. Konke Kwenziwe Kabusha 29
6. Ubheka Kanjani Phezulu Uma Uzizwa Uphansi 35

Ingabe Udlula Esikhathini Esinzima? 41

Umkhuleko Wokusindiswa 45

Umlando Womlobi 46

Inkonzo Ka Joyce Meyer 47

ISINGENISO

Kuyangijabulisa ukuthi ukhethe ukufunda lelibhuku. Okwamanje kungenzeka ukuthi uzwa ubuhlungu noma ukhungathekile ngenxa yokwenzekayo empilweni yakho. Noma ngingazazi izimo obhekene nazo, kodwa enginesiqiniseko sakho ukuthi:

Awuwedwa- uNkulunkulu uyakuthanda, nathi futhi kanjalo.

Eqinisweni, ngibhale lelibhuku ukukukhuthaza nokugcwalisa inhliziyo yakho ngethemba. Ngithanda ukuthi wazi ukuthi namanje, phakathi kwesimo odlula kusona, UNkulunkulu usohlangothini lwakho futhi akukho okumehlulayo Yena (bheka incwadi ka Luka 1:37). Unohlelo oluhle ngekusasa lakho futhi useqalile ukusebenza emfihlakalweni ukukusiza (bheka incwadi ka Jeremiya 29:11).

Kungenzeka ubhekene nobuhlungu obungabulindele futhi awazi ukuthi kumele uthathe ini uhlanganise nani ukuze uqhubekele phambili. Noma kungenzeka uhlushwa ukugula okuthize futhi awunayo indlela yokubonana nodokotela. Ngiyazi futhi ukuthi abantu abaningi baphila usuku nosuku bengazi ukuthi isinkwa sabo esilandelayo sizovelaphi.

Uma sibhekene nesimo esinzima ngokweqile, kulula ukuba silingeke ekutheni sizibone sihluleka bese siyayeka. Kodwa into eyodwa enkulu ukuba sibeke ithemba lethu kuNkulunkulu futhi sihlale ethembeni. Kepha-ke, liyini kahle ithemba?

Ithemba isiqiniseko nokwazi ukuthi kukhona okuhle okuzokwenzeka. Kusondelelne kakhulu nokuba nokukholwa naloku esikholelwa kukho. Uma sizinikela ekuthembeni, kuchichimisa impilo yethu ngenjabulo noxolo.

Isitha sifuna ukuba singabi *abanethemba*. Sifuna ukusikholisa ukuthi konke kulahlekile futhi akukho okuzophinda kulunge.

Kodwa uNkulunkulu ufuna ukuba sigcwale ithemba – sikholwe futhi silindele izinto ezinkulu ezivela kuYena. Eqinisweni, iBhayibheli lithi "UnguNkulunkulu wethemba," ogcwele umusa neziqalo ezintsha (bheka incwadi yabaseRoma 15:13).

Ngenxa yokuhlukumezeka ngokocansi, ngokwamazwi nangokwe-mizwa engakuthola, kwenziwa ubaba wami ongizalayo ngiseyingane, kwakhula indlela yokubuka izinto ngokungabi nethemba. Ziningi izinto ezimbi ezenzeka kimina kangangokuba ngaqala ukulindela ukuthi kukhona okubi okuzokwenzeka noma ngabe sengingumKristu.

Kodwa-ke ngingasho ngokweqiniso ukuthi uNkulunkulu ungishintshile ekubeni umuntu ongenathemba ngaba umuntu ogcwele ithemba, olindele okuhle okuvela kuYe yonke indawo. Kancane kancane, uNkulunkulu ungisize ukuba ngithole kabusha amandla okuba nethemba nokuthi kusho ukuthini lokhu kwindlela engicabanga ngayo, amazwi, isimo sengqondo uma ngikhuluma kuyo yonke ingxenye yempilo yami. Kangangokuba, namanje uma ngibhekene nezimo ezinzima ezingiphindisela emuva, ngisabambelela ethembeni, ngokwazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kimina.

Mhlawumbe ubekezele ubuhlungu obukhulu, ukuphoxeka noma isimo esikubuyisele emuva futhi awuboni kubangcono. Isitha sifuna ukukukhohlisa ukuthi akukho okuzoshintsha. Kodwa uNkulunkulu ufuna wazi ukuthi uyakuthanda futhi ungamethemba ukuthi angenza isimangaliso esimweni sakho esibucayi. Okwakho ukuba ungalahli ithemba-ukulindela okuhle okuvela kuYe noma nini.

Lamakhasi aqukethe ezinye zezifundo uNkulunkulu angifundise zona kulomkhakha- izifundo ezizoqinisa ukukholwa kwakho futhi kukusize ukubhekana nempilo ngendlela yokucabanga entsha.

Ngihleze ngisho ukuthi umuntu ohlala egcwele ithemba- oqhubeka nokukholwa iZwi likaNkulunkulu futhi onqaba ukuhluleka, ngeke

anqotshwa. Ngoba naphakathi kwezivungu-vungu zempilo, uma ubeka ithemba lakho kuYe, angagcwalisa ukuthula Kwakhe nenjabulo esimweni sakho kusebenzelane kube ngokuhle.

Angazi kahle isimo oke wabhekana naso empilweni yakho noma obhekene naso manje. Kodwa ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kakhulu, iso Lakhe likubhekile futhi uzokusiza (bheka incwadi yabaseRoma 8:38-39, Amahubo 33:18).

UnguNkulunkulu wethemba, futhi nguYena ongaguqula izikhathi zakho ezinzima zibe okukhulu.

- ISAHLUKO 1 -

Ukugcwala Ithemba

Kwesinye isikhathi nginokuthi siyisizukulwane "songibonise". Sifuna ukubona ngaphambi kokuba sikholwe. Eqinisweni, iningi lethu linenkinga yokukholwa ukuthi uNkukunkulu usebenzela thina kuze kube sibona izinto ngamehlo ethu enyama.

Kodwa-ke lena akusiyo indlela uNkulunkulu asebenza ngayo-usebenza emfihlakalweni. Kungenzeka ungaboni lutho olwenzekayo kodwa uyakholwa yini ukuthi uNkulunkulu kunezimo azisebenzayo empilweni yakho njengamanje? Uyakholwa yini ukuthi unohlelo lokusiza izingane zakho, umshado wakho, noma izinto obukade uzikhulekela iminyaka eminingi?

Incwadi kaJeremiya 29:11 ithi uNkulunkulu unezinhlelo ezinhle ngempilo yakho…*ukukunika ithemba elinomphumela wakho.* Ngamanye amagama, uNkulunkulu ufuna ithuba lokuba muhle kuwe!

Mhlawumbe kunzima ukuzibona njengomuntu ocabanga ngempumelelo futhi ogcwele ukukholwa nethemba. Uma kunjalo, ngiyazi ukuthi uzizwa kanjani. Abanye abantu bayesaba ukubanethemba ngoba bekebahlangabezana nokuphoxeka, ngakho-ke abasacabangi ukubhekana nobuhlungu futhi.

Kodwa kulungile nalokho futhi ngoba uNkulunkulu "unguNkulunkulu wethemba," ugcwele umusa nokuqala kabusha (bheka incwadi yabaseRoma 15:13). Futhi Ngaye, kuseyisikhathi ukuba ungaqala ukukholwa nokuthemba nokulindela.

UKULINDELA OKUKHULU...

Enye incazelo yokuthemba ithi "ukulindela okuvumayo futhi okunesiqiniseko."

Ngiyakholwa ukuthi esikhathini esiningi sikhetha ukuthatha isinqumo sokuthi "sizolinda, sibone" ukuthi kukhona yini okuzoshintsha noma "okuzokwenzeka" kithina. Kodwa uNkulunkulu ufuna ukuthi silinde ngenhloso. Ufisa ukuba silindele okuhle.

Manje, ngiyakubuza: *Ingabe ulindeleni?*

Yini leyo oyibonayo engqondweni yakho?
Ukhuluma kanjani ngekusasa lakho? Uma uvuka ekuseni, ucabanga kanje, mhlawumbe ngizozama ukuluqeda olunye usuku. Noma uvuka nokulindela ukuthi namuhla kungaba usuku ozothola ngalo impumelelo yakho?

Kufanelekile ukuthi uma owesifazane ekhulelwe, sithi "ulindele." Uma eqhubeka, kanjalo nokulindela kwakhe lokhu okuzayo kuya kwanda.

Ukukhulelwa kwami bekuhlukile kakhulu ngoba ngathwala izingane zami ezine cishe sekudlule inyanga emva kokuba ngabe sengibelethile. Udokotela wami wangitshela ukuthi ngingowesifazane wokuqala amaziyo ohlale esikhathi eside ekhulelwe njengendlovu!

Ekugcineni kokunye nokunye ukukhulelwa kwami, bengivuka usuku nosuku ngithi, "namhlanje yilona usuku-kumele kube yilo usuku!" Bengihlale ngipakishile isikhwama sami ngilungele ukuhamba. Bengihlala njalo ngibhekisisa ukuthi konke kukhona ngoba nginesiqiniseko sokuthi ingane yami ingafika noma nini. Ngaso sonke isikhathi ngizwa okuthile emzimbeni, ngizocabanga, *Nakho- ke kuza!*

Lena yindlela uNkulunkulu afuna nawe ube Naye! Unohlelo olumangalisayo ngempilo yakho futhi ufuna ulindele ukuthi izinto ezinhle ziseduzane.

Ithemba lithi: "Izinto zibe ngalendlela isikhathi eside, kodwa uNkulunkulu unguNkulunkulu wokungenzeki kwenzeke and izinto zishintshe."

INGABE UYISIBOSHWA SETHEMBA?

Njengoba ngike ngasho, ngangiwumuntu ocabanga kabi engike ngamazi. Ngangifana nengilazi egcwele kodwa futhi ingagcwele. Ngangibona okubi kuso sonke isimo.

Lokho kuchaza ukuthi yingani bengihlala ngiphatheke kabi. Ukungathembi nokucabanga kabi kusidonsela phansi…kodwa ithemba liletha injabulo!

Ithemba lisho ukuba nesimo sengqondo esiphusile. Umuntu onethemba uyenqaba ukucabanga kabi. Noma bebona futhi bebhekene nezivunguvungu zempilo, bahlala njalo bethemba ngemicabango nangendlela abakhuluma ngayo.

Esikhathini esiningi sizithola sikunoxhaka wokulinda size sizizwe sinethemba. Kodwa ithemba yisinqumo futhi hayi ngexza yokuthi sizizwa kanjani. Iqiniso lithi uma senza izinqumo eziphusile zokucabanga ngempumelelo, imizwa yethu izolandela nayo!

Ngiyayithanda kakhulu incwadi ka Zakariya 9:12. Inkosi ithi, *"Buyelani enqabeni, ziboshwa esezinethemba, namuhla ngiyanitshela ukuthi ngiyakubuyisela kini okuphindwe kabili"*

Kusho ukuthini ukuba "isiboshwa sethemba"? Kusho ukuthi noma kwenzekani ezimpilweni zethu, siyenqaba ukuba singamethembi uNkulunkulu ukuthi uzohlangabezana nathi.

Uma uba yisiboshwa sethemba, isitha asazi ukuthi kumele senzeni.

Singazama ukumelana nawe ngemicabango emibi kodwa asinawo amandla okukwehlula uma uzimisele ukubeka ithemba lakho lonke kuNkulunkulu.

UNkulunkulu ufuna ukukubusisa futhi akunike ngokuphindiwe ngenxa yobuhlungu oke wabuzwa phambilini nezinto ezikulahlekele (bheka incwadi ka Isaya 61:7). Ngakho-ke umsebenzi wethu wenza umehluko. Lowomsebenzi wethu ukuba sikholwe, sithembe futhi sibe nethemba.

YISIKHATHI SOKUWISA IHANGE

Incwadi yamaHebheru 6:19 ithi, *Manje sinalelithemba esinalo njengehange lomphefumulo, liqinile, ligxilile, lingena kokungaphakathi kwesihenqo" [lingephuke ngaphansi kwanoma ubani olinyathelayo]….*

Asicubungule lombhalo. Ngiyacabanga ukuthi sonke siyazi ukuthi yini ihange. Uma ufuna ukuthi isikebhe sihlale ndawonye, uphosa ihange bese livumela isikebhe ukuba sihambe kangakanani.

Manje-ke, lombhalo uthi ithemba "liyihange lomphefumulo." Umphefumulo wethu yingqondo yethu, intando yethu nemizwa yethu. Umphefumulo wethu usitshela ukuthi sicabangani, sifunani futhi sizwani.

Manje-ke konke lokhu kusho ukuthini? Kusho ukuthi uma konke kubukeka ngathi kumfiliba…uma kungathi konke akwezingqondo, futhi kuzwakala ngathi izethembiso zikaNkulunkulu aziphumeleli ezimpilweni zethu, ithemba liba yihange elisidonsela emuva bese lithi, "Bambelela! Kusazokwenzeka!"

Kodwa-ke asiqhubeke kancane ngalombhalo. Incwadi yamaHebheru 6:19 ithi ithemba liyihange futhi *[liqinile futhi ligxilile lingephuke ngaphansi kwanoma ubani olinyathelayo]…*

Ithemba liyihange futhi liyiyonanto esenza ukuthi sikwazi

"ukuphuma" abanye abantu abakwazi ukubona amandla nezithembiso zikaNkulunkulu ngoba abakaphumeli phandle ngokukholwa. Yilokhu kuphumela phandle ngokukholwa okuphumelelisa izethembiso zikaNkulunkulu!

Ake ngikunike isibonelo. Iminyaka eyevile kwengamashumi amane (40) ngiwuhambile umhlaba ngifundisa Izwi likaNkulunkulu. Kodwa kubakhona izikhathi lapho nginomhlangano kodwa ngingaluzwa ugcobo, ngizibona ngingafanele ukwenza lokhu engisuke ngizokwenza.

Ngaphambi ngokuba ngigibele esiteji, ngike ngacabanga, *Hayi-ke Nkulunkunkulu, kuzodingeka uzibonakalise okanye ngisenkingeni.* Uma sengiqhubeka ngenza loku engikholwa ukuthi uNkulunkulu ungithume khona, uyangisiza ukuba ngidlulise umlayezo. Akakaze nakanye angiphoxe!

Kwabaningi benu, uNkulunkulu ulinde ukuba niphumele obala ehangeni lethemba. Ulindele ukuba nenze ingxenye yenu naye uzozibonakalisa empilweni yakho enze into ezokumangalisa.

Ungavumeli izimo zempilo zikudukise. Phonsa ihange lakho ebese uphumela obala esisekelweni sethemba. Ngokuba uma ubeka ithemba lakho kuNkulunkulu ngeke uphoxeke.

- ISAHLUKO 2 -

Wenzenjani Uma Kungaqhubekeki

Uke wazithola ungakwazi ukuqhubeka? Uke wazithola ukwangqingetshe…uzibona ungenakho ongakhetha kukho?

Ngike ngaba kulesimo kaningi, ngiyazi baningi abantu abakebaba kusesimo. Kodwa ngiyabonga ukuthi iminyaka uma iqhubeka uNkulunkulu ungifundise ukuthi noma sizithola singakwazi ukuqhubeka, asikho isimo esimehlulayo yena.

Asiqale ngokubuka indaba kaJosefa encwadini ka Genesisi (bheka Genesisi 37-50). Ibhayibheli lithi ubethandwa kakhulu ngu baba wakhe kubafowabo abayishumi nambili (12) ngakho-ke abafowabo babemzonda ngenxa yalokho.

Ngelinye ilanga uJosefa waxoxela abafowabo ngephupho abenalo. Kuleliphupho, abafowabo bebemkhothamela. Akudingeki ukuba kushiwo ukuthi lokhu azange kwehle kahle kubo!

Ngalesosizathu, abafowabo bahlangana ukuthatha isinqumo sokuthi bangamsusa kanjani uJosefa. Okokuqala, bamphosa emgodini bamshiya ukuthi afe. Kodwa emva kwesikhashana bathatha isinqumo sokuti bamdayise ukuba abeyisithunjwa kubahwebi bakwa Ishimayeli. Emva kwalokho bakha icebo lokukhohlisa ubaba wabo ukuthi uJosefa ufile.

Njengoba wazi-ke, lendaba iphela ngokunqoba. uJosefa waba ngowesibili ukushaya umthetho embusweni no Faro futhi wabuye wahlanganiswa nomndeni wakhe, baxolelana.

Lokhu okwenzeka kuJosefa kuwubufakazi bokuthi kuzozonke izimo obhekana nazo empilweni, likhona ithemba. Ungakwazi ukufeza icebo likaNkulunkulu ngawe ngoba konke kuyenzeka Kuye!

Kodwa ingxenye yalendaba kaJosefa okumele sigxile kuyo yilokhu okwenzeka esemgodini nasesigodlweni. Impilo kaJosefa yabanoshintsho oluningi ngalesikhathi. Kodwa isimilo sakhe yisona esamenza wakwazi ukunqoba ekugcineni. Ngenxa kokukholwa nguNkulunkulu, uJosefa akazange adikibale!

UKUDIKIBALA AKUYONA INTO ONGAYIKHETHA

Ezimpilweni zethu, kungenzeka siwele emgodini. Kungaba umgodi wokugula, wokuswela imali, wobudlelwane noma ezinye izinkinga. Uma lokho kwenzeka, kumele wazi ukuthi noma ngabe yisiphi isimo obhekene naso, angeke udikibale!

Hlala njalo ukhumbula ukuthi, ukuze ube nobufakazi obuhle ngokwenziwe uNkulunkulu, kufanele uphase isivivinyo kuqala. Ujesu wasitshela:

…"Lokho ngikukhulume kini ukuba nibe nokuthula kimi. Ezweni niyakuba lusizi, kepha yimani isibindi, mina ngilinqobile izwe."[Ngilincishile amandla okuba linilimaze, ngilinqobele nina] (bheka incwadi kaJohane 16:33).

Akunakugwemega ukuba udlule ezikhathini ezinzima. Kwesinye isikhathi uzofikelwa ukudikibala. Kodwa uma ungabambelela uthembe uNkulunkulu kukho konke, uzokubuyisela esimeni sakho. Uzokwenza okubi kusebenzelane kube ngokuhle (bheka incwadi yabaseRoma 8:28)

Kuthiwa uWinston Churchill wanika lenkulumo kubafundi ababethweswa iziqu esikoleni iHarrow School ngo 1941:

"Ungalinge, ungalinge, ungalinge, ungalinge, ungalinge udikibale! Noma kuyinto engenkulukazi, encane, enkulu noma

engelutho-ungadikibali"

Angazi noma yilokho kuphela akusho, kodwa ngiyakholwa ukuthi uMoya Ongcwele ukhuluma lokho nakithina namhlanje- "Ungadikibali, ngokuba uNkulunkulu kuningi akubekele kona empilweni yakho.

Kulula ukudikibala uma izimo zibanzima. Kwesinye isikhathi abantu bayadangala uma kungaqhubekeki, kanjalo bacabange ukudikibala kakhulu.

Kwesinye isikhathi bangazizwa sengathi abaphiwanga kahle noma abahlakaniphile ngokwanele; okanye kubekhona ukuhlukumezeka; noma kubekhona ukwahluleka benza namaphutha.

Kepha uMoya Ongcwele usipha amandla nekhono lokuqhubeka size sinqobe noma izinto zingahambi ngendlela esihlele ngayo.

Ukwahluleka akusho ukuthi asisakwazi ukuzikhethela. Uyakwazi ukufunda emaphutheni owenzile-ngitholile ukuthi umlando unguthisha omuhle! Uma konke kwahluleka, zama futhi. Ngaleyondlela uzokwazi kuyini okukusebenzelayo nalokhu okungakusebenzeli. Ungakwazi ukujika isikhubekiso sibe yithuba elihle lokukukhulisa ekuhlakanipheni nase moyeni.

Unkulunkulu ufuna ukuba siphile impilo emnandi, kodwa ukumethamba nokubekezela kubalulekile. UMoya Ongcwele uzosihola ezinyathelweni zokukholwa ekutheni senze izinhlelo uNkulunkulu anazo ngathi. Okwethu ukuthatha lezozinhlelo… singadikibali!

WENZENJANI UMA UZWA UBUHLUNGU

Indlela obuka ngayo uma "usemgodini" wakho ingawenza umehluko.

Khumbula lesi yiskhathi sokuvivinywa…isikhathi lapho ubuwena

noma ubuntu bakho bukhuliswa. Lesisikhathi ngiyengisibize " iminyaka ethulile" ngoba kungenzeka uzwe sengathi akukho okuningi okwenzekayo empilweni yakho.

Okanye kungenzeka udlula ebuhlungwini obukhulu, kuyakhuphukela, futhi kubesengathi uNkulunkulu akenzi lutho ngalesosimo. Kodwa kubaluleke kakhulu ukuthi umethembe nakulesisikhathi ngoba uyasebenza enhliziyweni yakho ukukwenza ufane noKristu.

Manje wenzenjani uma uhleli emgodini wakho?

- ***Ungadikibali!*** Yilwa nesilingo esikutshela ukuthi ayikho indlela yokuphuma kulesimo. UJesu uyiNdlela. Lesi yisikhathi sokuba usondele kuYe umlandele.

- ***Gwema ukusola uNkulunkulu noma ucabange ukuthi uyakushaya ngenxa yesono osenzile.*** Usebenzisa lesimo ukusebenza empilweni yakho. Noma kungeke kwabamnandi, inhloso yakhe ngawe ihlala iyinhle njalo.

- ***Yenza okufanele noma kubuhlungu, noma kuzwakala kungekuhle noma abanye bengakuphathi kahle.*** Yenza okuhle kwabanye abantu ngayo yonke indlela.

- ***Ungazibandlululi noma uzikhethe kwabanye abantu.*** Khumbula, ungaba nosizi noma ubenamandla, kodwa hayi kokubili! Esikhathini esiningi uNkulunkulu angasebenzisa abanye abantu ukukukhuthaza ngalesisikhathi.

- ***Gcina izwi lakho uthembeke kozibophezele kukho***. Lesi yisikhathi sokubunjwa kwakho futhi ulungiselelwa ukuthatha indawo yakho "esigodlweni."

- ***Ungayeki ukukholwa…***ungalahli ithemba lokuthi uNkulunkulu uzosishintsha isimo sakho!

THINTITHA KONKE

Mhlawumbe usuke wezwa ngendaba yembongolo eyawela emgodini.

Uma ebona osekwenzekile, umniniyo wacabanga kafushane, wathatha isinqumo sokuthi umgodi uyashona futhi nembongolo isindala, ngakho-ke wathatha isinqubo sokuyingcwaba kulomgodi.

Wabiza abangani nomakhelwane bakhe ukuba bazomsiza, baqala bagubha bethela umhlabathi emgodini.

Ekuqaleni imbongolo yakhala, yenziwa ukwethuka ngenxa yesimo. Ngemva kwalokho, umniniyo wanaka ukuthi seyithulile imbongolo, wacabanga ukuthi kusho ukuthi isifile. Kodwa imbongolo ibingakafi.

Uma umniniyo ebheka emgodini, njalo uma umhlabathi uthelwa emhlane wayo, imbongolo ibiwuthintitha ime phezu kwawo iwupakisha ngaphasi kwezinyawo zayo. Lokhu kwaqhubeka amahora amaningi, kwaze kwatholakala ukuthi imbongolo isipakishe umhlabathi owanele ukuba ingakwazi ukuthi iziphakamise iphume emgodini!

Kukhona esingakufunda kulembongolo. Impilo izothela umhlabathi phezu kwethu esikhathini esiningi. Kungaba sebudlelwaneni, kwezezimali noma isimo sempilo. Kodwa lesi yisikhathi sokulandela ukuholwa uMoya Ongcwele. Uzokubonisa ukuthi ungawuthintitha kanjani umhlabathi, usukume, akunike amazwibela enkazimulo yakhe kuzozonke izinyathelo ozithathayo ukuphuma emgodini uya esigodlweni.

Kuzobakhona izingqinamba okumele uzinqobe. Kuzohlala njalo kukhona "izinto" okumele uzidlule. Kodwa futhi kuzobakhona izinto okumele uzenze, ithuba lesibili nelokuqala kabusha.

Kusenesikhathi-ungadikibali! Uma wenza lokhu ofanele ukwenze

nongakwenza-usabambelela ethembeni, qhubekela phambili, nqaba ukudikibalela uNkulunkulu- uthembekile ukwenza lokhu ongakwazi ukukwenza.

Uma uzithola ungakwazi ukuqhubekela phambili, ungazi okumele ukwenze, ungalahli ithemba *ngoba usesimweni esihle sokuqala kabusha.*

- ISAHLUKO 3 -

Ukukhetha Ukubuka Izinto Ngethemba

Ngesizathu sokuthi ngahlukunyezwa ngiseyintombazane encane, bengihlala ngifikelwa ukwesaba ukuthi kukhona okubi okuzongivelela. Nawe kungenzeka uke ufikelwe yiloku.

Kuningi okubi okungenzakalele kangangokuba bengihlale njalo ngilindele okubi okuzongehlela, noma sengingumKristu.

Ngiyakhumbula ngolunye usuku ekuseni ngikhuleka, ngabuza uNkulunkulu, "Kuyini lokhu? Kungani ngizizwa ngalendlela njalo?"

UNkulunkulu wakhuluma enhliziyweni yami wathi, "Umoya omubi wokuzwa sengathi kukhona okubi okuzokwenzeka, bese ufikelwa ukwesaba." Ngangiqala ukuzwa ngaleligama, kepha ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo ngalithola encwadini yeZaga 15:15, efundeka kanje:

Zonke izinsuku zohluphekayo zimbi [ngenxa yokukhathazeka], kepha onhliziyo yakhe yenamile unedili njalo [Kunoma yiziphi izimo].

Sonke siyabhekana nezikhathi ezimbi empilweni, uma zifika kulula ukuba singacabangi ngekusasa kepha sifikelwe imicabango yokukhathazeka. Kodwa kumele sifinyelele ephuzwini lokuba sivumelane noNkulunkulu nalokho akushoyo eZwini lakhe uma sibhekana nezinkinga.

Singakhululula ukukholwa kwethu ngokuthi sithi, "Ngiyazi ukuthi

uNkulunkulu uyangithanda. Uzonginakekela futhi angikhusele. Ngiyakholwa uzongipha umusa namandla okwenza lokhu okufanele ngikwenze futhi okuhle kuzovela nakulesimo."

UNGAFIKELWA INGEBHE!

UNkulunkulu akasifiseli ukuba sikhathazeke noma sibe "nosuku olubi," noma ngabe izinto azihambi ngendlela yethu. Uthanda ukuba silindele izinto ezinhle futhi sibe nethemba noma ngabe izimo zinjani.

Ngakhoke, nanka amagama amabili azokusiza ukwenza lokhu: *Ungafikelwa ingebhe.*

Iyini ingebhe? Ingebhe ukulindela ukuthi kukhona okubi okuzokwenzeka-kumelene nethemba.

Ngaphambi kokuba ubone, abantu abaningi baba nengebhe, basabe ukubhekana nosuku. Siyaye sifikelwe ukuhudula izinyawo uma kumele siye emsebenzini, emgwaqeni, ukugeza izitsha, ukugeza izimpahla zokugqoka, ukugunda utshani, ukupheka isidlo sasebusuku, kanjalo, kanjalo.

Ngakho-ke, ukuba nengebhe kungantshontsha injabulo yethu futhi kumoshe nosuku lwethu. Kungasishiya singenathemba. Kepha ngikukhuthaza ukuba uyeke ukuphatheka kabi ngezinto ongakwazi ukuzenza. Khetha ukujabula, uyekele konke kuNkulunkulu!

Kuzozonke izimo kudingeka ukuba sibe nokucabanga okuthi, "Ngingakwenza konke okufanele ngikwenze, ngeke ngiyeke ukujabula empilweni yami, noma ngabe kwenzekani. Angizange ngikuhlele lokhu okwenzekayo, kodwa ngiyazi uNkulunkulu uzokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle"

Manje, angisho ukuthi kuzokwenza zonke izinkinga zinyamalale. Kodwa ukukhetha ukuba ungabi nengebhe kuzokwenza impilo ibe lula!

THOLA INTOKOZO EZINTWENI EZINCANE

Ukuba nempilo yokunqoba akusikho ngenxa yezinto "ezinkulu" kuphela empilweni- kuqala ngezinto ezincane. INkosi ithanda ukuba sibe nempumelelo nentokozo kuyoyonke imikhakha yempilo yethu, ukunqoba ingebhe kuyingxenye yalokho. Ukukhetha ukuba nemicabango emihle kungenza umehluko!

Iqiniso lithi kukhona izinto empilweni ezizobanzima futhi ezingajabulisi, kodwa-ke akumele zisimoshele usuku. Ukuzikhethela kukithi.

Kuyamangaza ukuthi sizizwele ubuhlungu futhi sivumele imicabango yethu ukuthi isimoshele usuku lwethu nolwabanye. Ngethembe-bengenza ngahle kakhulu ekucabangeni ukuthi "ngingumnqobi" ekwenzeni umsebenzi wasendlini.

Bengijwayele ukuba ngihambe endlini, ngivungazela ngithi, "wonke umuntu lapha endlini ulindele ukuthi kube yimina owenza yonke into lapha endlini. UDave uyahamba ayodlala igalofu, izingane zingcolise endlini. Ngiyabaphekela futhi ngigeze izitsha nezimpahla zethu zokugqoka. Ngifuna ukwazi ukuthi mina ubani onginakekelayo!

Iqiniso lithi, akekho umuntu obengiphoqa ukwenza konke lokhu. Ngikhethe ukukwenza ngoba ngithanda umndeni wami. Kodwa ngigcine ngingakujabuleli ngoba ngivumele ukucabanga okubi.

Kuyenzeka nakuwe lokhu? Isimo sakho kungenzeka akusona somsebenzi wasendlini, kodwa sonke siyalingeka ukuba sizizwele ubuhlungu bese sihudula izinyawo ekwenzeni izinto ezithize.

Noma-ke kunezinto ezenzekayo ezisiphazamisayo, sisengakhetha ukucabanga ngendlela esisaphambili. Uma senzenjalo, sivumelana noNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu ucabanga kahle ngasosonke isikhathi.

GXILA KOKUHLE

Ngiyaye ngikhuthaze ukuthi abantu badlale umdlalo obizwa "Umdlalo wenjabulo." Kuyini lokhu? Uma ubhekene nesimo esingesihle, khetha ukubona okuhle kulesosimo!

Isibonelo, uma ubambeka emgwaqeni ushayela, kumele uthi, "Ngihamba kancane la emgwaqeni, kungenzeka ukuthi uNkulunkulu kukhona ingozi angivikela kuyo ebingenzeka ukuba bengishayela ngesivinini."

Lokhu kwenzeka kunoma yisiphi isimo, esikhulu nesincane. Lokhu kungezeka noma kuyisimo sokulahlekelwa umsebenzi, ungakhetha ukucabanga kahle ngokuba uthi, "Angisebenzi okwamanje, kodwa ngilindele ithuba lokubuka uNkulunkulu engipha umsebenzi ongcono ukwedlula lowo ebenginawo ekuqaleni!"

IBhayibheli lithi,***…Ngalokho UJehova uyakulindela ukuba abe nomusa kini, nangalokhu uyakuphakama ukuba abe nesihe kini, ngokuba uJehova unguNkulunkulu wokwahlulela; babusisiwe bonke abamhlalelayo…*** (Isaya 30:18).

Noma ngabe yisiphi isimo impilo esilethayo endleleni yakho, uNkulunkulu unohlelo lokusenza ngcono-uhlelo olugcwele ithemba nezinto ezinhle. Ngiykukhuthaza ukuba ubenesivumelwano Naye.

Ngena osukwini nosuku ngomcabango omuhle, ukhethe unkungabi nokuzihudula. Usenzenjalo, ngiyakholwa uzoqala ukuba nenjabulo kuwowonke umkhakha wempilo yakho.

- ISAHLUKO 4 -

Ukuthemba Unkulunkulu Phakathi Kwesivunguvungu

Uma kudlula iminyaka, ngifunde ukuthi kungenye into ukuthemba uNkulunkulu ngokuthize- ukushintsha okuthize noma umuntu othize empilweni yakho-kodwa kusho okunye ukuthemba uNkulunkulu phakathi kwesimo esithize.

Ngithola ukududuzeka encwadini ka Isaya 43:2-3. Ifundeka kanje, ***Lapho udabula emanzini, mina nginawe; nesemfuleni, ayiyikukhukhula; lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa. Ngokuba ngingu Jehova uNkulunkulu wakho…***

Uma udlula ezikhathini ezinzima, kubalulekile ukukhumbula ukuthi uNkulunkulu unawe, futhi ungamethemba ukuba akusize.

Isibonelo, kunzima ukuba uhlale ekukholweni uma izimo zakho zingashintshi futhi zingenangqondo. Kubanzima kakhulu uma wenza okufanele ukwenze kodwa ungayitholi imiphumela.

Nakhu okunye: Ubona umuntu ongenzi okuhle, kodwa imiphumela yakhe iba mihle kuneyakho! Kuzobakhona izikhathi ezimpilweni zethu lapho konke kubonakala kunyakaziseka, impendulo okuyiyona ukuthemba uNkulunkulu njalo.

Ngifundile futhi ukuthi uNkulunkulu uzosebenzisa lezikhathi ukusiza thina. Uma impilo isizamazamisa uNkulunkulu usebenzisa lesosimo ukusisiza sikhule Kuye futhi sibambelele edwaleni

lensindiso yethu- uJesu Krestu- ongeyikuzanyazanyiswa! (Bheka incwadi Amahubo 62:2,6).

"UKUKHULA" PHAKATHI KWEZIKHATHI EZINZIMA

Lokhu kungezwakala kabi, kodwa ngifinyelele ekukholweni ukuthi izilingo nezikhathi ezimbi zingaba abangani bethu abakhulu. Yingani? Yingoba iNkosi isebenzisa zona ukusifundisa, ukusiqeqesha nokusisiza ukuba sikhule ngendlela ebesingeke sikwazi ngokwethu.

Empeleni, incwadi ka Jakobe 1:2-3 isitshela ukuthi, ***Bazalwane bami, nxa nehlelwa yizilingo, anothi kungukuthokoza kodwa, nazi ukuthi ukuvivinywa kokukholwa kwenu kuveza ukukhuthazela.***

Izilingo nokuhlupheka akuveli kuNkulunkulu, kodwa uzokusebenzisa ukuze sibenamandla, sijabulele impilo enokuthula nesinelisayo.

Izikhathi ezinzima zisenza sibe abantu esifuna ukuba yibo. Uma sihlangabezana nesimo "esingaphezu kwamakhanda ethu," kusisiza ukuba sincike kuNkulunkulu, sazi ukuthi ngeke sizixazulele izinkinga ngokwethu.

INkosi ifuna ukuba size Kuyo ukuthola amandla ukuze sifinyelele lapho sikwazi khona ukuzimela uma sibhekana nezilingo. Ufuna ukuba sibenenjabulo nokuneliseka KuYe noma izimo zethu zingagculisi (bheka incwadi kaNehemiya 8:10).

Njengoba idayimane libunjwa ebunzimeni, uNkulunkulu usebenzisa ubunzima ezimpilweni zethu ukusithobisa, ukwakha ubuntu bethu nokusikhulisa emfanekisweni wakhe…nokusilungisela izinto ezinhle ezizayo.

IZIVIVINYO ZISISIZA UKUBA SITHEMBE

Kunokukhululeka okukhulu uma sithemba uNkulunkulu. Uma

izinto zingahambi ngendlela yethu, kunokuba sicasuke, kumele sithembe ukuthi uNkulunkulu unezinhlelo ezingcono kenezethu, uzokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle (bheka incwadi yabaseRoma 8:28).

Kumele sikuqonde lokhu ngoba kwesinye isikhathi uma sibasenkingeni, siyaye sicasukele uNkulunkulu noma abanye abantu esibona bebusiseka. Sigcina sesiba nomcabango wokuthi: "NgingumKristu ongcono kunawe. Yimina okumele athole lezozibusiso."

Isibonelo, kungenzeka ufuna ukukhushulelwa esikhundleni emsebenzini, kodwa kunikwe omunye lesosikhundla. *Wenzenjani?*

Uphatheka kabi, uzibone ulungile bese uyazilimaza emoyeni. Noma, ungakhetha ukuthemba uNkulunkulu bese uthi, "Nkosi, uma ngabe yilapho ungifuna khona okwamanje, ngizokhonza umphathi wami ngokumamatheka. Ngiyazi ukuthi uma ufuna ukungibeka kwenye indawo, uyakwazi ukukwenza lokho ngesikhathi sakho esifanele"

Ngifundile ukuthi uNkulunkulu wenza kahle kunathi! Kwesinye isikhathi akasiniki lokhu esikudingayo ngoba usuke enenye inhloso-enokungcono esingakucabangi.

Isibonelo, esikhathini esiningi uNkulunkulu uvumele ukuba ngidlule ezintweni ngendlela enzima. Kwesinye isikhathi kubenzima kakhulu, ikakhulukazi uma ngibuka abanye abantu bethola ukuphumelela masishane ezimweni ezifana nezami.

Kodwa uma uNkulunkulu engivumela ukuba ngihambe lendlela, ufuna ukuba ngizwe futhi ngiqonde ukuthi yini abantu abadlula kukho ukuze ngikwazi ukuqonda ubuhlungu babo bese ngibasiza ukuthi bakwazi ukudlula kubo ngempumelelo.

Ukuba akuzange kube ngenxa yobunzima empilweni yami-izimo

uNkulunkulu azisebenzisile ukungikhulisa nokungishintsha-bengingeke ngikwazi ukusiza inani labantu esengibasizile namhlanje!

UNkulunkulu akazange asithembise impilo engenazinkinga, kodwa uthembisile ukuthi angeke asilahle noma asishiye (bheka encwadini yamaHebheru13:5). Ezikhathini ezinzima, sithola ukududuzeka ekwazini ukuthi uyasithanda kakhulu futhi unohlelo lokusisiza.

UNKULUNKULU UNAWE KUKHOKONKE

Ngifuna ukukukhuthaza ukuthi wenze isinqumo sokuthemba uNkulunkulu kuso sonke isimo sempilo yakho. Uma uhlangabezana nezivunguvungu zempilo ongaziqodi yilapho kumele ukhethe ukuthemba uNkulunkulu- ngisho noma ungazizwa kanjani noma ucabangani futhi nanoma yisiphi isimo.

Uma uthemba uNkulunkulu kukhokonke, *uzokunika ubuYena bonke.*

Ingabe kukhona isimo esinzima obhekene naso namhlanje? Kukhona yini isivivinyo esikukhungathile? Uma kunjalo, ngiyakukhuthaza ukuba uthathe imizuzwana manje ukhuleke lomkhuleko:

"Nkosi, ngiyabonga ukuthi wena unami njalo-ebumnandini noma impilo ibanzima. Ngiyakunxusa ukuba ngisondele eduze Nawe noma impilo ingaqondakali. Ngiyakwethemba, futhi ngiyazi ukuthi uzokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kimi. Ngegama lika Jesu, ngiyakhuleka. Amen."

Khumbula ukuthi isimo odlula kuso manje ngeke sibekhona ingunaphakade. Uma ngidlula esimeni esinzima, ngiyathanda ukuzikhumbuza ukuthi, "Lokhu nakho kuzodlula." Okwesikhashana ungakhetha ukubeka ithemba lakho kuNkulunkulu, umvumele ukuthi akunike injabulo ngaphakathi kwesimo obhekene naso.

Kubalulekile njalo ukuhlala uzikhuthaza ngemibhalo enjengo Isaya 41:10. UNkulunkulu uthi, ***Ungesabi, ngokuba mina nginawe, ungapheli amandla ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho, ngiyakuqinisa, futhi ngiyakusiza, yebo, ngiyakusekela ngesandla sokunene sokulunga kwami.***

Noma yini odlula kuyo manje, ngikukhuthaza ukuba ungapheli amandla. Yenza isinqumo sokuba nomcabango omuhle futhi uqhubeke nokumethemba uNkulunkulu. Ngokuba uJesu unawe esivunguvungwini, uzophuma unqobile ngaphesheya.

- ISAHLUKO 5 -

Konke Kwenziwe Kabusha

Uma ujabhile futhi uzwa uphelelwa yithemba, kuyasiza kakhulu ukukhumbula ukuthi uNkulunkulu ukusize kanjani ngokwedlule. Kubalulekile nokuzikhumbuza ukuthi uNkulunkulu wathembeka kanjani kwabanye –abantu abafana nawe abekade bedinga usizo lukaNkulunkulu kakhulu.

Uke wanaka bonke abantu eBhayibhilini uNkulunkulu abanika isiqalo esisha?

UMose wayesemdala uma ehlangabezana nesihlahla esivuthayo, uNkulunkulu embiza ukuba ahole isizwe. Ngaphambi kwalokhu, wachitha iminyaka engamashumi amane (40) ecashe ngemuva kogwadule! Wayengazi ukuthi uNkulunkulu umhleleleni. (Bheka encwadini kaEksodusi 1-4).

UDavide, umfana olusayo othobekile, wagcotshwa ukuba yinkosi kwaIsrayeli. Wayengumuntukazana odelelekile-umuntu wokugcina obengakhethwa ukuba yinkosi. Kodwa uNkulunkulu wamsebenzisa ukuhola abantu bakhe. (Bheka encwadini ka 1 Samuweli 16.)

UPetro, umphostoli owaphika uKrestu, wathethelelwa wabizwa ukuba achithe impilo yakhe yonke eshumayela futhi edumisa uNkulunkulu. (Bheka incwadi kaLuka 22:54-62; Johane 21, Izenzo 3).

UPawuli, owayeshushisa amakholwa, waphenduka esendleleni eya eDamaseku, wagcina esebhala ingxenye enkulu ye Testamente elisha eBhayibhilini. (Bheka encwadini yeZenzo 9:1-22).

Uma ucabanga ngabantu eBhayibhelini abaxolelwa nguNkulunkulu, wabasebenzisa ngendlela emangalisayo, uyangabaza yini ukuthi angakwazi ukwenza okufanayo nakuwe?

Unkulunkulu wethu unguNkulunkulu wethemba. unguNkulunkulu onikana ithuba lesibili nokuqala kabusha. Futhi akanawo umkhawulo walokho akwenzela khona.

UKUBUKA NGESO LOKWETHEMBA

Khumbula ukuthi ithemba yihange lomphefumulo wethu. Uma izinto zibukeka zimfiliba futhi singenazimpendulo, yilapho-ke ukukholwa kungenelela ukusikhumbuza ukuthi ukuqala kabusha kuseduze.

Uma kubukeka sengathi wonke umuntu uyabusiseka, siyakhathala sifune nokudikibala. Yithemba kuphela enhliziyweni yethu nokubambelela ekukholweni izethembiso zikaNkulunkulu.

Kanjalo, ithemba libalulekile futhi liyisiqiniseko kwesikulindele. Liwumcabango omuhle futhi ojabulisayo ukuthi kukhona okuhle okuzokwenzeka.

Ithemba langempela alingabazi, futhi alithi, "Sizoke sibone kuzokwenzeka yini", kodwa liyakholwa ukuthi lokho uNkulunkulu akuthembisile uzokwenza. UNkulunkulu ulindele ithuba lokuba azibonakalise kubantwana bakhe, futhi nathi silindele.

Encwadini yabase 1Thesalonika 5:8 ithemba lichazwa njengesigqoko. Ngakho-ke, *esikucabangayo* kubalulekile. Indlela esicabanga ngayo naloku esikulindele kuyahambisana nalokhu esikushoyo nesikucabangayo!

Ngiyakukhuthaza ukuba ulawule umqondo kanye namazwi owashoyo njalo ekuseni. Uma uvuka ekuseni, ungavumeli imicabango ethi, *"Ngizobona ukuthi ngiliqeda kanjani lolusuku."*

Kunalokho, lindela izinto ezinhle ezivela kuNkulunkulu. Cabanga futhi umemezele kanje:

Nkulunkulu, ngiyabonga ngalolusuku. Ngiyazi ukuthi uyangithanda futhi unohlelo oluhle ngami. Ngaphandle kwakho ngingenze lutho, kepha ngoKrestu ngingenza konke. Ngosizo lwakho, ngizoba nemicabango emihle nelungile.

Lindela ukuphumelela nokuqala kabusha. Yisho, "Namuhla kungaba wusuku lwami!"

Kubalulekile ukuthi sazi ukuthi uma sifuna ukuphila impilo egcwele ithemba, asikwazi ukuphila ngendlela esizizwa ngayo. Uma imizwa engemihle isifikela, kumele singazinikeli kuyona futhi siyondle ukuze ife.

Kanjalo, ungavumeli ukubambeka ogibeni lokulinda ukuthi ubenethemba, kodwa nquma ukuba nethemba. Uma unquma ukucabanga kahle, uba nemicabango egcwele ukukholwa usuku lonke, imizwa yakho izogcina ihambisana nezinqumo zakho.

PHUMA ETENDENI LAKHO

Eminyakeni eminingi edlule ngabuza uNkulunkulu, "Kungani kungekho izinto ezithokozisayo empilweni yami?"

Unkulunkulu wakhuluma nami wathi, "Joyce, ngisazenza lezo zinto ngasosonke isikhathi. Inkinga usuze wakujwayela kakhulu."

Unkulunkulu ufuna ukuthi sihlale njalo simangazwa ubuhle bakhe ezimpilweni zethu…sihlezi njalo sibona imisebenzi emihle asenzela yona. Kungani? Yingoba uma sihlala njalo simangala ngemisebenzi yakhe, angeke singabi nakho ukumethemba! Akesibheke indaba ka Abrahama…

Unkulunkulu wambusisa kakhulu uAbrahama. Kodwa-ke ikhona into yena nenkosikazi yakhe uSara ababengenayo-yingane.

UAbrahama wabuza uNkulunkulu wathi, ***…Nkosi, yini ongangipha yona, njengoba ngiphila emhlabeni ngingenaye umntwana…?***

UNkulunkulu wayesemkhiphela ekukhanyeni ngaphandle kwetende wathi kuye, bheka phezulu ebese ubala izinkanyezi, uma ukwazi ukuzibala. Wayesethi kuye, kanjalo kuyakuba isizukulwane sakho (Genesisi 15:2, 5).

Nokuba isimo sikaAbrahama sasimangaza kakhulu, kodwa uNkulunkulu wamkhiphela ngaphandle kwetende ukumkhumbuza ukuthi akukho onkungamehlula Yena.

Ngiyakholwa ukuthi nathi kulula ukuba sichithe isikhathi sethu "ematendeni ethu," sibhekene nezinkinga zethu. Yingakho iBhayibheli lithi kumele siqhele ezintweni ezisiphazamisayo empilweni yethu, kodwa sibheke kuJesu onguMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu (bheka incwadi yamaHebheru 12:2).

Ngasosonke isikhathi uma sicabanga ukukhuleka, kubalulekile ukuba sifunde futhi sigxile ezintweni uNkulunkulu asenzele zona, kusinika ithemba. Njengo Abrahama, sisheshe sicabange ukuthi, *hawu, mhlawumbe nami uNkulunkulu angangenzela lokhu!*

Uma ufikelwa yizikhathi ezinzima, uzizwa uphelelwa yithemba, yisikhathi sokuba uphumele ngaphandle kwetende ukuze ubone lokhu uNkulunkulu afuna ukukusho. *Uma wenzenjalo, uzothola ukuthi ufuna ukukumangaza.*

IZINKINGA EZIPHINDIWE

Kungenzeka ufana nami, ukuthola kulula ukuba nethemba ngomunye umuntu. Ngikuthola kulula ukuba ngikhuthaze omunye umuntu ngamazwi afana nalawa, " Konke kuzolunga – wena themba uNkulunkulu nje kuphela uzoziguqula izinto."

Kodwa uma isimo sibhekene nathi? Ngenye indaba leyo! Uma siphakathi kobuhlungu okanye isimo esiphoxayo, kulula ukuba

sizinikele emicabangweni efana nalena ethi, sekuphelile, sidlulile isikhathi sami.

Kodwa iqiniso lithi asikadluli isikhathi, futhi asidluli isikhathi sokuba uqale kabusha uma impilo yakho ikuKrestu. Ingemuva lakho akulona ikusasa lakho. Uma unqaba ukungabi nethemba, uvumela uMoya Ongcwele akuhole, uNkulunkulu angeke kuphela abuyise konke obunakho, kodwa uzokwenza impilo yakho ibengcono kakhulu.

Ngiyayithanda incwadi kaJoweli 2:25-26. Usayifunda, yigcine enhliziyweni.

Ngiyakubuyisela kini iminyaka eyadliwa yisikhonyane, nezinkumbi, nenkasa, nesibotho, impi yami enkulu engayithuma phakathi kwenu. Niyakudla nokudla, nisuthe, nilidumise igama likaJehova uNkulunkulu wenu ngokumangalisayo; abantu bami abayigujabha kuze kube phakade.

Njengomuntu omusha, osekhulile, ngangicabanga ukuthi njengoba ngahlukunyezwa ngiseyingane, sekuphelile ngempilo yami. Ngazizwela sengathi angisoze ngifane nabanye abantu noma ngibe nalempilo ebekufanele ngibe nayo.

Kepha konke kuyenzeka kuNkulunkulu! Uma sifika kwangqingetshe, Yena ubona isiqalo esisha. Ufuna ukuthatha ubuhlungu bethu bakudala angasiphilisi nje kuphela, kepha ufuna ukusibuyisela konke, ukwedlula lokhu ebesinakho ekuqaleni!

Bheka nami encwadini ka Isaya 61:7 Ifundeka kanje. ***Esikhundleni sehlazo lenu niyakuphiwa ngokuphindiweyo; abadumeleyo, ukujabula kuyakuba yisabelo sabo; ngalokho ezweni lakubo bayakudla ifa ngokuphindiweyo, intokozo engapheliyo ibe ngeyabo.***

Ngiyaye ngithi ngoNkulunkulu, uma uhlelo lokuqala lungalungi,

Yena uhlale enalo uhlelo lwesibili, futhi lusuke lungcono kunohlelo lokuqala!

UNkulunkulu unguNkulunkulu obuyisa izinto futhi weziqalo ezintsha. Uzokunika isiqalo esisha esiphindiwe uma nje umvumela. Futhi konke kuzobangcono ukudlula ukucabanga kwakho.

- ISAHLUKO 6 -

Ubheka Kanjani Phezulu Uma Uzizwa Uphansi

Sonke siyabhekana nezikhathi empilweni lapho sizizwa siphansi ngenxa yezimo ezehlukene, kodwa asikwazi ukuvumela lezozimo zilawule imizwa yethu.

Usathane ufisa njalo ukugcwalisa imiqondo yethu ngemicabango emibi esenza sigcine siphelelwa yinjabulo yethu. Umsebenzi wakhe ukusiqeda amandla nokuhudulela imizwa yethu phansi, ngokomoya, ngokwezezimali nangayo yonke indlela angenza ngayo.

UJesu ungumkhuthazi wethu, futhi uzile ukusiphakamisa! UJesu uzile ukusipha ukulunga, ukuthula nenjabulo. Ufuna ukuba silindele okuhle kodwa ngekusasa lethu futhi asigcwalise ngethemba.

Wonke umuntu uyafikelwa ukukhungatheka nokudideka ngenxa yezinhlelo namaphupho angafezeki. Uma izinto zingahambi ngendlela ebesithemba ngayo, kujwayelekile ukuba sizizwe sihluleka futhi siphoxekile.

Kodwa kubalulekile ukuba sibhekana kanjani nalemizwa, ngoba uma sizohlala kulesimo isikhathi eside sizogcina sinokhwantalala.

Incwadi yamaHubo 30:5 isitshela ukuthi: ***Ngokuba ukuthukuthela kwakhe kuba ngokomzumzwana nje, umusa wakhe uba ngowokuphila konke; kusihlwa kungena ukukhala, ekuseni ukujabula.***

Izimo zingasenza singajabuli okwesikhashana, kodwa akumele sihlale sidangele. Uma sihlala lapho isitha sithola umnyango ovuliwe bese sithola indlela yokusidudula, silethe izinkinga eziningi empilweni yethu.

Kodwa-ke ngoNkulunkulu, uma sidumala, singenza izinqumo zokuba siqokwe futhi. Singakhetha ukuba sibheke kuYe ukuba asinike ithemba elisha namandla amasha okuqhubekela phambili.

NAKA INDLELA OZIZWA NGAYO

Uma uke waba nokhwantalala kufanele ukuthi uyazi kunjani. Kungasenza sizizwele sisodwa futhi singenathemba. Kubesengathi konke okusizungezile kuyabhidlika.

Manje sengitholile ukuthi ukhwantalala liwumphumela wokungabhalansi kwamakhemikhali emzimbeni. Kuyenzeka ukuthi uNkulunkulu aholele umuntu emkhakheni wokufundela ukuba ngudokotela wezengqondo. Ozokwazi ukufinyelela kumsuka wenkinga.

Ngiyakholelwa ukuthi ulwazi lwezobudokotela luvela kuNkulunkulu nokuthi usebenzisa odokotela ukwenza izinto ezinkulu.

Kodwa-ke kubantu abaningi ukhwantalala luyinto kamoya. Uyabona, usathane usebenzisa ukhwantalala ukweba amandla kamoya nenkululeko-ufuna ukugcwalisa izingqondo zethu ngobunmyama acekele phansi imizwa yethu.

Kodwa uNkulunkulu ufuna ukuba siphile ngaphandle kokuba nokhwantalala. Ufuna ukuba sigcwale injabulo, ithemba nokulindela okuhle ezimpilweni zethu. Ukuze sibambisane naye, into eyodwa okumele siyenze ukuba sifunde ukaba singaphili ngokwemizwa yethu.

Ngiyaye ngithi imizwa yethu kungenzeka ibe yizitha zethu. Kulula ukuholwa yimizwa yethu, kodwa kubalulekile ukuthi imizwa

iyaguquka imihla namalanga.

Akumele ukuba silandele yonke imicabango okanye imizwa esifikelayo ngoba kungenzeka iphikisane neqiniso uNkulunkulu alishoyo ngathi.

Iminyaka eminingi empilweni yami bengizithola nginokhwantalala. Bengivuka ekuseni ngizwa izwi ekhanda lami lithi, "unokhwantalala" Ngangikholwa ukuthi lokhu kuwumcabango wami, ngingaboni ukuthi isitha sizama ukukhuluma amanga emqondweni wami.

Emva kwesikhathi, uNkulunkulu wangisondeza eduze naye ngaqala ukuzimisela ukufunda Izwi lakhe, ngafunda nokuthi akumele ngilandele imizwa nemicabango enginayo. Ngaqala ngakhuluma kakhulu ngithi, "angisoze ngavumela ukhwantalala nokuphoxeka".

Sizohlala njalo sinayo imizwa-ayisoze yanyamalala. Kepha-ke sinakho ukuzikhethela ukuthi sizovumela imizwa yethu kube yiyona esilawulayo.

BUKISISA INDLELA OCABANGA NGAYO

Ingqondo ingenye yokhiye bokunqoba ukuhluleka nokhwantalala. Uyazi yini ukuthi into oyicabangayo ingathinta wonke umkhakha wempilo yakho?

Incwadi yeZaga 23:7 ifundeka kanje, ***Njengokucabanga komuntu, injalo inhliziyo yakhe.***

Imiqondo yethu inamandla kakhulu! Uma sikhetha ukuhlala ezintweni ezimbi ezike zasenzakalela empilweni, siphelelwa yithemba bese sibanonkhwantalala.

Eminyakeni eminingi edlule, ngabhekana nempi yesifo somdlavuza. Lesi kwaba yisikhathi sokuvivinywa empilweni yami. Ngangazi kahle ukuthi uma ngivumela ingqondo yami ukuba

icabange kabi ngalokhu ngizoba sengcupheni.

Ngalesosikhathi, uNkulunkulu wabeka enhliziyweni yami ukuthi ngigcwalise ingqondo yami ngalezinto ezilandelayo, ngizikhulume kakhulu ngasosonke isikhathi. Bengicabanga bese ngithi:

"Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi uyangithanda. Ngiyazi ukuthi konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abakuthandayo futhi ababizwe ngokwecebo lakho. Ngibeka ithemba lami kuwe, angiyikwesaba." (Bheka incwadi yabaseRoma 8:28, 35-39; Joshuwa 1:9; Izaga 3:5).

Uyabona, uma uchitha isikhathi sakho ufunda futhi ucabanga ngeZwi likaNkulunkulu, lingena ngaphakathi kwakho, liqale likushintshe ngaphakathi kuphumele ngaphandle.

Incwadi yamaHebheru 4:12 ithi ***Izwi likaNkulunkulu linamandla futhi liyaphila.*** Linendlela yokuguqula indlela ozibona ngayo, ngisho nekusasa lakho.

Usagcwalisa ingqondo yakho ngalokhu uNkulunkulu akushoyo ngawe, futhi wamukela izethembiso zakhe njengezakho, kuzoletha ithemba futhi kukhulise ukukholwa kwakho.

ISITHAKO SEBHAYIBHELI NGOKHWANTALALA

Njengoba ngike ngasho, ukhwantalala liwumphumela wamakhemikhali ngakho kubalulekile ukuvumela odokotela ukuba basisize ngokuholwa uNkulunkulu. Kodwa-ke noma sivakashela udokotela, ngicabanga ukuthi kubalulekile ukubeka ithemba lethu kuNkulunkulu, uMphilisi wethu.

Kodwa-ke, ukhwantalala esikhathini esiningi liyimpi kamoya… kodwa Ibhayibheli likubeka ngokusobala ukuthi kumele silwisane kanjani nalo.

Incwadi kaIsaya 61:3 isitshela ukuthi… ***Ukuze babizwe ngokuthi imithi yokulunga utshaliwe ngu Jehova ukuba adunyiswe.***

Kuyenzeka singazizweli ukudumisa uNkulunkulu, kodwa ngokuthatha umzuzwana sikhuluma neNkosi sibonge ubuhle bakhe, kungenye yezikhali ezinamandla esinazo ukulwa nokuphelelwa yithemba nokhwantalala.

Kumele simeme ubukhona bukaNkulunkulu ezimweni zethu, okusilethela amandla, ukuthula kanye nenjabulo.

Inwadi yabaseFilipi 4:4 ithi, ***Thokozani eNkosini njalo, ngiyaphinda futhi ngithi, thokozani!***

Ukudumisa uNkulunkulu phakathi kobuhlungu kuyinto enkulu esingayenza. Kungani? Yingoba uma sinaka uNkulunkulu futhi sithokozela izinto ezinhle azenzile, simenza abemkhulu Yena kunezinkinga zethu.

Iqiniso lithi, uNkulunkulu uhlale emkhulu njalo, ngaphandle kokuthi kwenzakalani ezimpilweni zethu. Nguyena umsuka wokujabula kwethu futhi singabalekela kuye ngasosonke isikhathi uma sinesidingo.

Lokhu kungiholela encwadini yaMahubo 16:11. Ifundeka kanje, ***…Uyangazisa indlela yokuphila; ukugcwala kwenjabulo kusebusweni bakho; intokozo isesandleni sakho sokunene kuze kube phakade.***

Uma sidumisa uNkulunkulu, sisuke simema ubukhona bakhe ezimpilweni zethu. Ubuyisela ukuphelelwa yithemba nokujabha kwethu ngenjabulo nokuthula Kwakhe…asininke ithemba futhi aphefumulele impilo entsha esimweni sethu.

Asikwazi ukuguqula yonke into eyenzakalayo kithi, kodwa ubukhona bukaNkulunkulu buyakwazi ukusiguqula thina-indlela esicabanga ngayo, esizizwa ngayo futhi esibuka ngayo izimo zethu.

VUMELA UNKULUNKULU ATHATHE UBUHLUNGU BAKHO

Akwenzeki ukuba singabuzwa ubuhlungu nokuphoxeka, kodwa akumele sivule okwenzakalayo kumoshe ikusasa lethu. Kepha

sinakho ukuzikhethela. Singakwazi ukuthi senze isinqumo sokushiya zonke izimo ezidala ukukhathazeka nokhwantalala, siphokophele kulokhu okuhle uNkulunkulu asihlelele khona ngekusasa lethu.

Ngiyayithanda incwadi ka 1Petru 5:9, efundeka kanje: ***Melanani naye niqinile ekukholweni, nazi ukuthi zona lezo zinhlupheko zehlela abazalwane benu abasezweni…***Kubalulekile ukumelana nokuphelelwa yithemba nokuba nokhwantalala, ngoba uma sikuyeka isikhathi eside kwenza kubenzima ukuba simelane nakho.

Lokhu ngasengikusho iminyaka: Uma ungamvumeli usathane ukuba akuchaze ngalokhu akwenzayo, kusho ukuthi angeke *akugqilaze*, uma engakwazi ukukugqilaza, angeke akwazi *ukukucindezela.*

Uma kwenzeka uhlangabezana nesimo esifuna ukukucindezela, yenza isinqumo sokuya kuMoya Ongcwele akugcwalise ngethemba. Khetha ukukholwa yilokhu uNkulunkulu akushoyo kunalokhu okushiwo imizwa yakho. Gcwalisa ingqondo yakho nomlomo wakhongezinto ezakhayo, ezinika ithemba eziseZwini likaNkulunkulu.

Akumele uvumele ukuhluleka nokhwantalala kulawule impilo yakho. Uma "impilo yenzeka", vumela uNkulunkulu wethemba lonke akuphe amandla futhi akugqugquzele ingaphakathi lakho kuphumele nangaphandle.

Ngokuba noma yikuphi odlula kukho, uNkulunkulu ukulungele ukuba asuse ubuhlungu bakho…*akwenze kube okuhle.*

ISIPHETHO

Ingabe Udlula Esikhathini Esinzima?

Uma ngabe udlula esimeni esinzima manje, ngifuna wazi ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda. Uyakubona odlula kukho, unawe futhi ufisa ukukusiza lapho ukhona.

Amahubo 34: afundeka kanje, ***UNkulunkulu useduze nalabo abanhliziyo ezaphukileyo, uyabophula abanemimoya eyaphukileyo.*** Uma sizwa ubuhlungu, uNkulunkulu uzwa ubuhlungu nathi.

Njengamanje kungenzeka ukuthi ubhekene nesimo esibukeka singaxazululeki. Ngifuna wazi ukuthi uNkulunkulu angakwenza konke kube kusha. Angathatha inkinga yakho ayanze ibe yinto enhle.

Uma ngabe ubhekane nesimo esikusabisayo, ngithanda ukukukhuthaza ukuba uthathe imizuzwana embalwa ukhuleke manje:

Baba, ngiyakudinga manje. Uthe uyangithanda futhi ubona kahle lapho ngikhona…ngaphandle kokuthi ngizizwa kanjani, ngikhetha ukukholwa yizwi lakho. Esimeni engidlula kusona, ngibheka kuwe laoho usizo lwami luvela khona. Ngidinga amandla avela kuwe ukuze ngikwazi ukumelana nakho konke okubonakala kukukhulu kimina njemgamanje. Ngicela ungisize ngingawasusi amehlo ami kuwe. Ngicela ukuba uzibonakalise kimina…futhi ungikhuthaze endleleni engibhekene nayo. Ngiyacela ukuba ngibone ubukhona bakho ngendlela ephathekayo. Nginikela konke engiyikho kuwena. Egameni likaJesu, Amen.

Ngiyakukhuthaza ukuba uzinike isikhathi sokuba ufunde lemibhalo engezansi. Ngingakusho kugcwale umlomo ukuthi iZwi likaNkulunkulu lizoyiguqula impilo yakho- indlela ocabanga ngayo, indlela ozizwa ngayo futhi nendlela obona ngayo ikusasa lakho.

Ngiyayithanda incwadi kaJeremiya 29:11. Ifundeka kanje uNkulunkulu unezinhlelo ezinhle ngekusasa lakho- izinhlelo zokuthula…izinhlelo zokukulethela ukuthula.

Khumbula ngaso sonke isikhathi ukuthi uNkulunkulu usohlangothini lwakho. UnguNkulunkulu walokhu okuthiwa akwenzeki…*uyiLowo owenza isimagaliso kunoma yisiphi isimo.*

UNKULUNKULU UYAKUTHANDA

Ngikuthandile ngothando oluphakade; ngalokho ngikudonsile ngomusa. **Jeremiya 31:3**

Yebo, izintaba zingamuka, namagquma angasuswa, kepha umusa wami awuyikumuka kuwe, nesivumelwano sami sokuthula asiyikususwa, usho uJehova uMhlengi wakho. **Isaya 54:10**

Ukuzula kwami ukubalile wena, yetha izinyembezi zami egabheni lakho; azikho encwadini yakho na? **Psalm 56:8**

Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi; ungakaphumi esizalweni ngakungcwelisa, ngakubeka umprofethi ezizweni. **Jeremiya 1:5**

UNKULUNKULU UZOKUSIZA

Ungesabi ngokuba mina nginawe; ungapheli amandla, ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho; ngiyakuqinisa futhi ngiyakusiza, yebo, ngiyakusekela ngesandla sokunene sokulunga kwami. **Isaya 41:10**

Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angikusabi okubi, ngoba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho

ziyangiduduza. **Amahubo 23:4**

Ngamfuna uJehova, wangiphendula, wangikhulula kulo lonke uvalo lwami. **Amahubo 34:4**

Lapho udabula emanzini, mina nginawe; nasemifuleni, ayiyikukukhukhula; lapho uhamba emlilweni, awuyikusha, nelangabi aliyikukushisa. **Isaya 43:2**

UNKULUNKULU ULITHEMBA LAKHO

Ngokuba ngiya mina imicabango engiyicabangayo ngani, usho UJehova, imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike isikhathi esizayo nethemba. **Jeremiya 29:11**

Ukwenza kwenu makungabi ngokokufisa imali, yaneliswani ngeninakho; ngokuba yena ushilo wathi: "Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya". **AmaHebheru 13:5**

Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.
NgokukaLuka 1:37

Phonsa phezu kukaJehova umthwalo wakho, uzakukuphasa; akayikuvuma naphakade ukuba olungileyo azanyazanyiswe. **Amahubo 55:22**

Mhla ngisabayo ngiyakwethemba wena. **Amahubo 56:3**

UNKULUNKULU UNGUMDUDUZI NAMANDLA AKHO

Uyaphilisa abenhliziyo echobozekileyo; izilonda zabo uyazibopha.
Amahubo 147:3

Nguye omupha oyethileyo amandla, nakongenamandla uyandisa izikhwepha…Kepha abamethembayo uJehova bayathola amandla amasha, bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi, bagijime bangakhathali, bahambe bengapheli amandla. **Isaya 40:29, 31**

Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza.
NgokukaMathewu 11:28

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu, ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni.
Amahubo 46:1

UMKHULEKO WOKUSINDISWA

UNkulunkulu uyakuthanda futhi ufuna ukuba nobudlelwano nawe. Uma ungakamamukeli UJesu njengoMsindisi wakho, ungakwenza lokho manje. Mvulele inhliziyo yakho bese usho lomkhuleko…

"Baba, ngiyazi ngikonile. Ngicela ungixolele. Ngihlanze. Ngiyethembisa ukukholwa nguJesu, indodana yakho. Ngiyakholwa ukuthi wangifela -wangithwalela izono zami ngokuthi afe esiphambanweni. Ngiyakholwa ukuthi wavuswa kwabafileyo. Ngiyayinikela impilo yami kuJesu khona manje"

"Ngiyabonga Baba, ngesipho sakho sokuxolelwa nokuphila okungunaphakade. Ngicela ungisize ngikuphilele. Egameni likaJesu, Amen."

Njengoba ubukhulekela inhliziyo yakho, uNkulunkulu usekwamukele, wakuhlanza futhi wakukhulula kumaketango okufa komoya. Zinike isikhathi sokuba ufunde lemibhalo elandelayo. Umnxuse uNkulunkulu akhulume nawe usahamba naye endleleni yakho entsha.

NgokukaJohane 3:16
KwabaseEfesu 1:4
1 Johane 1:9
1 Johane 5:1
1 KwabaseKonrinte 15:3-4
KwabaseEfesu 2:8-9
1 Johane 4:14-15
1 Johane 5:12-13

Khuleka futhi umcele uNkulunkulu ukuthi akusize uthole ibandla ekukholwa yiBhayibheli ukuze ukhuthazeke ekukhuleni ebudlelwaneni bakho no Krestu. Unkulunkulu unawe njalo. Uzokuhola usuku nosuku, akubonise indlela okumele uphile ngayo ukuphila okungunaphakade akubekele kona.

UMA USUKULUNGELE

Ukuqala impilo yakho no Jesu noma mhlawumbe ufuna ukumazi kabanzi, vakashela: Joycemeyer.org./KnowJesus

UMLANDO WOMLOBI

U Joyce Meyer ungomunye wabaholi abavelele emhlabeni wonke, abafundisa ngeZwi likaNkulunkulu. Ungomunye wababhali abavela kuphephandaba lase New York elibizwa I *New York Times,* futhi izincwadi zakhe zisize izinkulungwane zabantu ukuba bakwazi ukuthola ithemba nokubuyiselwa kwezimpilo zabo ku Jesu Krestu. Ngokusebenzisa i *Joyce Meyer Ministries*, uJoyce Meyer ufundisa ngezihloko eziningi, ikakhulukazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lisebenza kanjani ezimpilweni zethu imihla ngemihla. Indlela yakhe yokufundisa ngokuvulelekile, imvumela ukuba akwazi ukwabelana ngokungesabi ngezinto nangezimo asedlule kuzona ukuze abanye bakwazi ukusebenzisa lokhu akufundile ezimpilweni zabo.

INKONZO KA JOYCE MEYER

Ukwabelana ngo Krestu-Ukuthanda Abantu

Inkonzo ka Joyce Meyer umsebenzi wayo ukwaba iVangeli, ukufundisa izizwe noku qhubekisa uthando lukaKrestu.

Ngokusebenzisa ezokusakaza ezahlukene, sifundisa bantu ukuba bakwazi ukwenza loku okushiwo yibhayibheli kuyo yonke imikhakha yezimpilo zabo. Futhi sigqugquzela ukuba abantu bakhonze abanye abaseduze nabo. Ngokusebenzisa uphiko lwethu lokushumayela ezizweni olubizwa nge *Hand of Hope,* sikwazi ukuthi sondle labo abangenakho ukudla, sibagqokise, sishumayeze abadala, abafelokazi kanye nezintandane. Sikwazi futhi nokufinyelela kubo bonke abantu abadala nabancane, yonke indawo.

Inkonzo kaJoyce Meyer yakhiwe esisekelweni sokukholwa, ubuqotho futhi nakubalandeli ababelana kulolubizo.

* * *

Uma udinga ukubuka eminye imisebenzi ekhiqizwa ngu *Joyce Meyer Ministries*, ungabuka umbukiso ovela kumabonakude noma ungathola ulwazi ngohlelo lokushamayela emazweni kunhlangano yethu ebizwa nge *Hand of Hope. Ungavakashela* **joycemeyer.org**